**INKULUMO EYETHULWA EGAMENI LIKANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EMLAZI NGOLWESINE MHLAKA 22 NOVEMBER 2012**

Mphathi wohlelo;
Abefundisi;
Amakhansela wonke akhona;
Ubuholi bonke obukhona ngezigaba ezahlukene;
Imindeni ethintekile okuyiyona engosingaye;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela egameni leNkosi uNkulunkulu wethu.

Mangiqale ngokuthatha leli thuba ngidlulise ukuxolisa egameni likaMhlonishwa ophathiswe ezokuThutha esifundazweni uMnuz Willies Mchunu ongakwazanga ukuba yingxenye yale nkonzo ngenxa yokuthathwa ngeminye imisebenzi esizwe.

Masibonge-ke kakhulu emindenini yalaba abasishiyile, ngokusivumela njengomNyango noHulumeni waKwaZulu-Natal ukuba sihlele le nkonzo yesikhumbuzo sabantu bakithi abasishiye kabuhlungu ngempelasonto edlule.

Uma sihambele izinkonzo zalolu hlobo siyaye sithande ukuchaza ukuthi, lezi zinkonzo zesikhumbuzo ziwuhlelo lomNyango lokungenelela ngokusiza uma kudlule emhlabeni abantu abayisihlanu kuya phezulu engozini eyodwa emgwaqeni.

Lokhu sikwenza ngokuthi sixhumane nemindeni ethintekile ukuthola ukuthi hlobo luni losizo oludingekayo bese kuvunyelwana ngokuthi sibe nenkonzo yesikhumbuzo, evame ukuba ngalo ulweSine, noma kube yinkonzo yomngcwabo ehlanganise imindeni.

Kodwa ngifisa ukugcizelela ukuthi lezi zinkonzo esizenzayo ziyisithombe nje sezinhlekelele ezihlale zithatha izimpilo ezingenacala ngezimpelasonto zonke emigwaqeni yaleli lizwe.

Ngakho-ke, lokungenelela kwethu akuwuthathi kancane nomthelela omubi owenziwa ngukufa kwabantu ngamunye noma ngababili kwezinye izingozi zomgwaqo. Okusempeleni, sihlale sisho ukuthi "ukufa komuntu oyedwa emgwaqeni wethu ngukufa kwabaningi."

Okunye futhi siyaye sitha ukuxolisa emindenini nezihlobo zabasishiyile ngoba kuzona lezi zinkonzo siyaphoqeleka ukuba ngaphandle kokubaduduza, kodwa siphinda sisebenzise lelo thuba ukukhuluma kabanzi ngodaba lokuphepha emgwaqeni jikelele.

Lokhu sikwenza ngoba njengoHulumeni sisalokhu sikhathazekile ngezinga lokufa kwabantu ezingozini zomgwaqo kulesi fundazwe.

Okusiphatha kabi kakhulu ngukuthi akukho uHulumeni angakwenzi ukulekelela abantu ukuba baphephe emigwaqeni kodwa kujike kube yibona abangabambisani noHulumeni – bashaye indiva yona le imithetho ebekelwe ukusiza bona.

Awubheke nje ngoba ezweni lonke akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni.

Eminye yale mithetho ithi awulokothi ushayele imoto uphuze utshwala. Uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho ikakhulukazi lona osuqede abantu othi ongashayeli uphuzile.

Uhulumeni uphinda akhe imigwaqo eminye ayifake itiyela ngemali eshisiwe, ayifake nezimpawu zokuxwayisa ngokungaba yingozi uma ushayela, kufakwe namabhodi akutshela umgomo wejubane okumele uhambe ngalo kuleyo ndawo.

Kodwa mihla namalanga singcwaba abantu abashonele emgwaqeni ngenxa yokushayela bedakiwe nokugijima ngokweqile.

Ngenxa yokwephulwa kwale mithetho, uHulumeni uphinda achithe imali eningi eqeqesha aphinde aholele amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni. UMacingwane uyaye aze abuze ukuthi yini kanti ngempela okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani?

Sikhuluma nje kusukela sethule uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni ekuqaleni kwenyanga ka-October sesilahlekelwe abantu abangu-210 ezingozini zomgwaqo esifundazweni. Ngonyaka odlule ngesikhathi esifanayo salahlekelwa ngabantu abangu-243. Lokhu kuveza ngokusobala ukuthi asikawenzi umehluko.

Mhlambe umuntu angasale eseyithinta nendaba yokusetshenziswa kwezimoto ezingamaveni ukuthwala abantu emigwaqeni yethu njengoba le ngozi ibandakanya yona iveni. Ngokomtheho akuvumelekile ukuthwala abantu ngemuva evenini ngenhloso yokwenza inzuzo.

Manje kodwa okumele sikugcizelele lapha ngukuthi akuyona indaba yokwenza inzuzo ebalulekile, kodwa yisizathu sezokuphepha. Indlela eyakhiwe ngayo imoto eyiveni ayikulungele ukuthwala abantu ngemuva.

Okokuqala nje awukwazi ukukala isibalo sabantu okumele bagibele ngoba azikho izihlalo. Okwesibili futhi uma kwenzeka kuba nesimo esiphuthumayo kuba lula ukuthi imoto ibachithe – uthole sebelimala noma kade bezovikeleka emotweni enjengekhumbi.

NjengoHulumeni-ke siyabanxusa abantu bakithi bayibheke indaba yohlobo lwezithuthi abahamba ngazo. Hhayi ngoba kubalula umthetho kodwa ukuze baziqinisekisele ukuphepha kwabo.

Siyayinxusa-ke imiphakathi yakithi ukuba ibambisane noHulumeni ijoyine imikhankaso yokuphepha emgwaqeni ngalesi khathi samaholide kaKhisimusi kuzekube nangemuva kwawo.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natala sifisa ukududuza imindeni yalaba:

| Name and Surname | 6. Muzi Miya (37) |
|---|---|
| 1. Toto Wilfred Kunene (29) | 7. Scelo Zuma (25) |
| 2. Mduduzi Shangase (32) | |
| 3. Jabulani Ntuli (35) | |
| 4. Phelelani Gumede (29) | |
| 5. Zamokwakhe Jakuja (34) | |

Kusithusile kwasidabukisa futhi ukuzwa izolo ntambama ukuthi sekukhona osesishiyile osekwenza babe ngu-8 asebeshone kule nhlekelele

**Imiphefumulo yabo sengathi ingalala ngoxolo!**

Sifisela nalabo abasesibhedlela ukululama ngokushesha.

Siyabonga-ke nakubo bonke ababambe iqhaza ngezindlela ezahlukene ukuba kusizakale imindeni eshonelwe, sithi ningadinwa nangomuso. Nathi siphinde sizibongele ngethuba sithembe ukuthi iNkosi izosigcina siphephile ezingozini zomgwaqo kusuka manje size sibone uKhisimusi nonyaka ozayo ka-2013 neminye elandelayo.

**Ngiyabonga**